# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

***Intshumayelo ngesonto elithiwa Miserikordia Domini, ngomhla ka 14. 04. 2013   23/2013***

## Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.

1. Iculo 123/298

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu onobubele, siyabonga, ngoba wasikhumbula thina zimvu ezidukileyo. Wasipha uMalusi osuthisa umphefumulo wethu, nosivikelayo kuso isono nokufa noSathane. Mawusiphe uMoya wakho ukuba simlandele uMalusi wethu, silondolozwe esibayeni sakhe somusa, siye sigcine le kwasenkazimulo, ngaye uJesu Kristu, uMalusi wethu omuhle. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-1 Petru 2:21b-25

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuJohane 10:11-16.27-30.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 177/166

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7.** **Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuJohane 21:15-19, lithi: "Khona sebedlile, uJesu wathi kuSimoni Petru: Simoni kaJona, uyangithanda kunalaba na? Wathi kuye: Yebo, Nkosi, uyazi wena ukuthi ngiyakuthanda. Wathi kuye: Yipha amawundlu ami. Wabuye wathi kuye ngokwesibili; Simoni kaJona, uyangithanda na? Wathi kuye: Yebo, Nkosi, uyazi wena ukuthi ngiyakuthanda. Wathi kuye: Yalusa izimvu zami. Wathi kuye ngokwesithathu: Simoni kaJona, uyangithanda na? UPetru wadabuka ngokuba wathi kuye ngokwesithathu: Uyangithanda na? Wathi kuye: Nkosi, wazi konke wena, uyazi ukuthi ngiyakuthanda. UJesu wathi kuye: Yipha izimvu zami. Ngiqinisile, ngiqinisile ngithi kuwe: Usemusha wawugqoka, uhambe lapho uthanda khona; kepha nxa usumdala, uyakwelula izandla zakho, omunye akugqokise, akuyise lapho ungathandi khona. Kepha wakusho lokho ekhomba ukufa azakumdumisa uNkulunkulu ngakho. Eseshilo lokho wathi: Ngilandele." Amen.

**8.** **Intshumayelo:** Bandla elithandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, isonto lethu lanamuhla liyabizwa ngokuthi ububele beNkosi noma yisonto loMelusi omkhulu, omuhle. Bandla elithandekayo, sivela emkhosini omkhulu wethemba lethu noyisimanga kithi, lapho sibona ukufa kunqotshwa ngokufa nangokuvuka kweNkosi yethu uJesu Kristu. Lokho sakwenzelwa

yiNkosi yethu uJesu Kristu. Lesisenzo sendlula ingqondo yethu. Ukufa akumesabanga, kodwa kwambhozomela, kwamdumela, kwambulala, wafa ukufa, nya, ukuze kubonakale ukuthi ukwahlulile kwaba ukuvuka kwakhe kwabafileyo. Lokhu kuyithemba elikhulu lamakholwa. Ngakho asimlandele, simthande, simethembe, senze akwenzayo, senze asitshela khona, sihambe khona, siholwe nguye oyindlela neqiniso. Lokhu kuyenzeka ngokucela kuye ngosizo lukaMoya wakhe. **Masimlandele!**

1. Ngokumthanda;

2. ngokuya la esho khona yena.

1. Masimlandele **ngokumthanda!** Bandla elithandekayo, iNkosi ibuza uPetru umbuzo owodwa kathathu. Kungani imbuze kathathu na? Ifuna ukuba ugxile lombuzo, umile enhliziyweni yakhe, angawukhohlwa, ungabi umoya nje ophephetha isikhashana, qede, wendlule, ukhohlakale, ukuthi uke waphephetha. Yini konje, nje ngokwenziwa ngabanye ezinkonzweni zabo ukuthi: Ngobani abayikhethayo iNkosi lapha phakathi kwenu, bavele lapho abathi: Siyayikhetha iNkosi, siyayiphilela. Kuqambe kuvela inkingana, usekhohliwe ukuthi uthe ukhetha iNkosi, useshiya bavuma kalula, bashiya kalula ngani na? Abacabangisisanga. UPetru ubuzwa kathathu, wadabuka, wacabangisisa, kungathi uthi: INkosi ingibuza kathathu, kanti ngayiphika kathathu. Yangeluleka, ngaphika kalula. Ngathi mina angisoze ngayiphika, noma kungaze kusweleke ukuba ngife nayo, ngofa nayo. Kanti uzoyiphika kalula nje. Ngakho kwakumfanele ukuba akhale kamunyu, wazibeka phansi wacabangisisa ngombuzo kaJesu, wathi: Nkosi, wazi konke wena, uyazi ukuthi ngiyakuthanda. Nathi, iNkosi iyasibuza ukuthi siyayithanda na? Nathi sifanele ukuzibuza ukuthi siyayithanda yini? Uma siyithanda, siyithanda kanjani, siyithandelani? Uma siyithanda, ake siyithande kumnyama kubomvu, engisho ukuthi: Siyithande ebuhleni nasebubini. Siyithande ebuhleni nasebubini, ngani? Ngoba yasenzela izinto ezinkulu. Futhi isasenzela namanje. Bonke ubuthina bungubuthina ngayo. Manje-ke ake siwuthande umsebenzi wakhe, siwendlulisele nakwabanye. Ngokufakaza ngaye ngokufundisa ngenkuthalo nangentshisekelo. Izwi lakhe siphindaphinde njengaye ukuba akungene kugxile ezinhliziyweni zethu, nasezingqondweni. Singaphelelwa ngamandla, kumbe sivilaphe, sikhumbule ukuthi ukuvuma kalula, kukhohlakala kalula. Ziningi-ke izindawo iBhayibheli elizikhombayo mayelana nokuvuma kalula ukuthi kunengozi. UPetru wavuma kalula ngaphandle kokucabangisisa ukuthi angeke ayiphike iNkosi yakhe. Masinyane wayiphika kalula. Indodana yesibili yavuma kalula ukuyosebenza esivinini, kodwa ayiyanga, Math. 21:30. Asijulise uthando lokumthanda uJesu, lugxile ezinhliziyweni zethu ngamandla akhe nangokusizwa nguMoya wakhe.

2. Masimlandele **ngokuya lapho esho khona yena.** Bandla elithandekayo, umuntu ngokuvama wenza akuthandayo, uya la ethanda khona yena. Kakhulu intsha yethu ibuswa yilokho ekuthandayo yona, njengebhola, ukuziqinisa umzimba, neminye imidlalo ezinhlobonhlobo, kodwa uJesu ufuna ukuba silandele yena, sihambe emkhondweni wakhe, sifunde kuye, sifuze yena, ngothando, nangokulalela, nobuqotho. Sithabathe ijoka lakhe, simlandele. Ukumlandela akusiwo umsebenzi olulana nje, noza ngendlela emnandi yokuncebeleka. Cha, kaningi kubiza ukuhlupheka nokufa, ukufa ukufa nya. Njengoba ehamba kanjalo yena, bamdumisa kaningi bethi: Ushumayela njengonamandla kungenjengababhali babo, bathi: Hosiyana kweliphezulu! Makubongwe ozayo ngegama leNkosi! Hosiyana kweliphezulu! Bamculela, bendlala izingubo zabo endleleni, abanye bagawula amahlamvu esundu, bawendlala la ezohamba khona. Ngakusasa bathi: Susa! Susa! Bethela esiphambanweni! Nathi banamuhla sifanele ukukulindela okunjalo. Uma kusivelela, sisendleleni yakhe. Singesabi, singahlehli, singapheli amandla, singalindeli intokozo njalo, ngoba naye akayitholanga intokozo njalo. Futhi akathembisanga ngayo. Pho! singayilindelani, singathi, sizoyithatha-phi? Kumanele umfundi abe njengomfundisi wakhe, nenceku ibe njengenkosi yayo. Uma bebizile umninindlu ngokuthi uBelzebuli, kakhulu abendlu yakhe! Math. 10:25. Washo lokho ekhomba ukufa azokumdumisa ngakho uNkulunkulu. Ukufa kwethu, makholwa, kufanele kumdumise uNkulunkulu, simdumise, kukuhle, noma kukubi kithi. Indaba engumlando engekho emBhalweni ongcwele ithi: "UPetru wabaleka eRoma befuna ukumbulalela inkolo, wahlangana noJesu ngokombono endleleni. UPetru wambuza wathi: Uya-phi, Nkosi, na? UJesu wathi: Uya eRoma ukuba abethelwe khona. UPetru wanqandeka khona lapho, wazinikela engasesabi ukufela iNkosi enesibindi kangaka. Wabethelwa esiphambanweni njengayo. Nokho wacela ukuba ikhanda lakhe libhekiswe phansi, angafaniswa neNkosi yakhe." Nakho ukufa amdumisa ngakho uNkulunkulu, ukwelula izandla, agqokiswe, asiwe lapho engathandi khona. Impumelelo itholakala embuzweni kaJesu awuphinda kathathu, waze wajula enhliziyweni wamlandela. Makube njalo kithi sonke. Lijule izwi lakhe, simthande, simlandele. Amen.

9. **Umkhuleko:** Malusi, siyabonga, siyadumisa izwi lakho elihle. Mawusisize ngoMoya, asihole, sikulandele wena, Malusi omuhle, sihlale esibayeni sakho, sibizele nabanye kuso, unazo nezinye izimvu ezingekho esibayeni. Siphe umqondo wokukhumbula ukuthi uyazidinga. Amen.

Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 174/160

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1995/2001/2007 ngu-A. N. Ntuli ( ✝)
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.